# PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# IBA NEZWI

## Izethulo kanye Nokulalelwa Komphakathi

**Ikomidi Elingaguquki lesiShayamthetho likaZwelonke elibhekele Ezezimali limema bonke ababambiqhaza kanye nabanentshisekelo ukuba balethe izethulo ngeMthetho Ejwayelekile (Yokulwa Nokufihlwa Kwemali Etholwe Ngobugebengu Nokuxhaswa Kwezenzo Zobuphekula Ngezimali) Ukuchibiyela uMthethosivivinywa [B15 – 2026]**

Imithetho Ejwayelekile (yokulwa nokufihlwa kwemali etholwe ngobugebengu nokuxhaswa kwezenzo zobuphekula ngezimali) yokuchibiyela uMthethosivivinywa [B15 – 2026] uhlose ukuchibiyela:

- Umthetho Wezinkampani Ezivalekile, 1984
- Umthetho Wezinhlangano ezingenzi nzuzo, 1997
- Umthetho Wesikhungo Sobuhlakani Bezezimali (FIC), 2001
- Umthetho Wezinkampani, 2008 kanye
- noMthetho Wokulawula Umkhakha Wezezimali, 2017

LoMthethosivivinywa uhlose ukuqinisa uhlelo lweZwe Lokulwa Nokufihlwa Kwemali Etholwe Ngobugebengu Nokuxhaswa Kwezenzo Zobuphekula Ngezimali (AML/CFT) ngokubhekana nokushiyeka okusasele okwatholakala kuMbiko Wokuhlola Okwabelana ngawo wezi-2021 we Financial Action Task Force (FATF) waseNingizimu Afrika, kanye nasenqubweni yokulungisa eyaholela ekuphumeni kweNingizimu Afrika ohlwini lwamazwe alesizwe lwe FATFA ngoMfumfu wezi-2025. Izinguquko ziphinde zihlose ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika ithola izinga elingcono ekuHlolweni Okwabelana ngawo kwamanje kwe-FATF, okuzophetha ngoMfumfu wezi-2027.

**Izethulo Zomphakathi ngeMthetho Ejwayelekile (Yokulwa Nokufihlwa Kwemali Etholwe Ngobugebengu Nokuxhaswa Kwezenzo Zobuphekula Ngezimali) Ukuchibiyela uMthethosivivinywa [B15 – 2026] izobanjwa ngoLwesibili wezi- 11 kuNcwaba wezi-2026.**

Usuku lokuvala ukwamukelwa kwemibono ebhaliwe ngu 10 kuNcwaba wezi-2026, ngoMsombuluko ngo 12:00 emini.

Kumele ufake isicelo uma ufisa ukwenza isethulo ngoLwesibili wezi 11 kuNcwaba wezi-2026.

Izethulo zizobanjelwa ku Zoom.

Izethulo maziqondiswe koNobhala bama Komidi, Mnu Allen Wicomb no Nksz Teboho Sepanya ku-imeyili
awicomb@parliament.gov.za kanye tsepanya@parliament.gov.za

**Ikhishwe ngu Mhlonishwa Dkt MJ Maswanganyi, Ilungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi Elingaguquki Elibhekele Ezezimali (isiShayamthetho sikaZwelonke).**

gear GA4223

IPhalamende - Ukulandelela izibopho zethu kuBantu
- Ukwenza ikusasa lakho lisebenze kangcono